



EG AND USHER HOSPITAL NEWSLETTER

JULY 2006

UKUKHANYA KULETHA ITHEMBA

Ezikulengosi

Ukuvulwa komtholam-pilo wabashayeli 2

Ukugqithisa izikhalazo zakho 3

Umbono no Mgomo wethu 3

Abasebenzi abasha 4

Abasebenzi abasha 5

IMBALEKI YECOMRADES MARATHON 6

Ngolwesihlanu, zingama 26 May 2006, abantu abangaphezulu kwezi-2000 batheleka ngobuningi babo beqhamuka kuzozonke izinhla ezakhele isiyingi saseSisonke ukuzokhanyisa amakhandlela njengesikhumbuzo salabo abaphila negciwane lengculazi kanye nesandulela sayo.



Iziphathimandla zesibhedlela ziholwa nguMphathi wesibhedlela Unksz. LN Mate

Abashumayeli abangama-30 beholwa uMbhisobhi William Slattery wasemaRomeni eKokstad bathandaza bakhanyisa namakhandlela ukubungaza lolusuku.



“wonke umuntu unomngani, ilunga lomndeni noma isihlobo esiphila negciwane lengculazi nesandulela sayo. Ukuze sikhombise uthando, ukunakekela kanye nokubakhumbula sikhanyisa amakhandlela ukuletha ithemba ezimpilweni zabo. Kubalulekile nokuba sithembele kuMdali ngoba nguye owazi isiqalo nesiphetho sethu” kusho uMfu. Motsa webandla laseSheshi eMzimvubu



uMbhisobhi William Slattery ekhanyisa iKhandlela lesikhumbuzo

uMfundisi Mthethwa wethimba eliqwashisa ngengculazi esifundazweni washumayela kwezwakala kwabanezindlebe.

uMphathi wesibhedlela Unksz. LN Mate wabe esegoqa usuku ngokubalula ukubaluleka kokukhanyisa amakhandlela njengesiboniso sokunikeza ithemba kwizigidi zabantu

ezithintekile neziphila negculazi nesandulela sayo emhlabeni jikelele.

UKUVULWA KOMTHOLAMPILO WABASHAYELI BAMALOLI

N

golwesine, zingama 20 July 2006, kuvulwe ngokusemthethweni umtholampilo wabashayeli bamaloli eKokstad.

Lomtholampilo uyisivuthevuthe sohlelo loMnyango wezeMpilo kwaZulu-Natal bebambisene nabalingani babo ukunikezela ezempilo ezisabalele kubobonke abantu abakulesifundazwe.

Kwizicukuthwane ebezihambele lomcimbi singabala uNkk. Ludidi-oyilunga lePhalamende nongusihlalo wekomidi elibhekelele ezempilo ePhalamende, isekela Meya ku Masipala wase Kokstad-uNkk. Mabusela, uMphathi wesiyingi saseSisonke- uNkk. NS Radebe, uDkt KN Khuluse-uMphathi woDokotela e-EG and Usher Memorial Hospital.

Loluhlelo luzokwenza ukuba abashayeli bamaloli bakwazi ukuthola usizo lwezempilo kalula kanti kusobala ukuthi ezempilo ziza kubashayeli bamaloli. Lomtholampilo uqale ukusebenza ngo-June 2006, inhloso enkulu ukuba abashayeli bamaloli kanye namalutha ndoda bathole usizo lwezempilo eduzane.

Zingama-40 izinguli ezivakashela lomtholampilo nsukuzonke. Lokhu kuyakhuthaza futhi kuqhakambisa kona belu ukuba uMnyango weZempilo uyaphumelela ukulwa nengculazi nesandulela sayo kanye nezifo ezihlobene nayo.

“kunjima ukuthi siye emtholampilo ejwayelekile ngoba amaloli ethu awavumelekile. Lomtholampilo uzosisiza kakhulu ngoba sizofundiseka ngokuthi siziphathe kanjani nokuthi sithole ulwazi ngengculazi nesandulela sayo kanye nezifo ezithathelana ngokocansi bese siludlulisela kozakwethu esisebenza nabo kanye nesihlekisana nabo” kusho uMnu. Clement Mthwane, umshayeli weloli oqhamuka eMtubatuba.

Lomtholampilo uvulwa nsuku zonke kusuka ngo 17:00 kuya phakathi kwamabili zinsuku zonke. Babili abahlengikazi abaqashiwe ukuba basebenze lapha.



izintatheli, amaphoyisa ezokuvikela umphakathi, amaphoyisa omgwaqo kanye nezikhulu zikamasipala zibuka uMtholampilo



Mrs NS Radebe, umphathi we siyingi saseSisonke ; Dr KN Khuluse, uMphathi woDokotela e-Usher Hospital; Mr T Steel, uMphathi wakwa TNT; Mr D Luthuli oqhamuka ehhovisi likaMphathiswa weZempilo kwaZulu Natal; Mrs Ludidi, ilunga lePhalamende kanye nosihlalo wekomidi elibhekelele ezempilo ePhalamende; uMfu. Tambo wase-Kokstad kanye noMhlengikazi July osebenza kumtholampilo wabashayeli bamaloli.

Aba balandelayo ngamalunga eKomidi Elibhekelele Izikhalazo zakho, Dr. Hoffman (Medical Office), Matron Keswa (Nursing Management), Mr Z Mdiya (Organised Labor), Ms M van Whye (Revenue), Sr Mateyise (Quality Assurance Nurse), Mr Wosho (O.P.D) and Mr MI Hadebe (Public Relations Officer).

Ukugqithisa isikhalazo esiBhaliweyo

Okokuba asikwazanga ukusombulula isikhalazo sakho ngomlomo uze uthande ukusibhala phansi, ungakwenza oko gokuba wenze oku kulandelayo.

- Ukusebenzisa 'iFomu Yezikhalazo eziBhaliweyo' uyifake kwi'Suggestion Box'
- Ubhalele uMnxulumanisi wesiBhedlela nabaHlali incwadi

Esiyakukwenza xa sithe safumana isikhalazo sakho

- Siyakukubhalela incwadi ngensukwana ezinhlanu 5 sifumene isikhalazo sakho
- Siyakwenza uphando olunzulu
- Siyakukunika impendulo epheleleyo ezinsukwini eziyi 25. Okokuba asikwazanga ukulugqiba uphando ezinsukwini eziyi-25, siyakuthi sikubhalele sikuxelele unobangela. Siyakuthi sikuxelele ukuba ulindele nini impendulo
- Siyakumema ukuba sizoxoxisana mayelana nesikhalazo sakho
- Ungalindela izimpendulo eziliqiniso kuyoyonke imibuzo yakho nokuxolisa apho kufanele
- Siyakuxelelela ukuba sithathe manyathelo mani ngenxa yesikhalazo sakho

'usigqithisa njani isikhalazo sakho?'

UMBONO NOMGOMO WETHU

UMBONO

Ukunikezela ezempilo ezisezingeni eliphezulu kubo bonke abeza kuthi

MISSION

Ukusebenzisana ngokubambisana ukunikezela ezempilo ezingcono ngokuthi sibonelele abantu kuqala

ABASEBENZI ABAFIKAYO ESIBHEDLELA



MS B MQOKOZO

SUPPLY SERVICES OFFICER



MR A FUMBA

SUPPLY SERVICES OFFICER



MR U DAVIDS

HUMAN RESOURCE OFFICER



MS H SHEZI

FACILITY INFORMATION OFFICER

ABASEBENZI ABAFIKAYO ESIBHEDLELA



MS P MAJOLA

PUBLIC RELATIONS INTERN



MS N DABULA

HUMAN RESOURCE OFFICER

ABASEBENZI ABAFIKAYO ESIBHEDLELA

- MS MDUTSHANE SENIOR PROFESSIONAL NURSE
- MS JWAQU CHIEF PROFESSIONAL NURSE
- N PAKKIES GENERAL ORDERLY
- A SIDINILE GENERAL ORDERLY
- T GQOJANA GENERAL ORDERLY
- M NGCEZA GENERAL ORDERLY



MR D HADEBE

PUBLIC RELATIONS OFFICER

Uma ufisa ukuba uvo lwakho luvele kulengosi thintana noMxhumanisi wesiBhedlela noMphakathi ku extension: 8116 kusukela ngo 07:30 kuya ku 16:00

UMJAHO WE COMRADES MARATHON



Mr Z Shushu, Comrades Marathon Runner

ngokusobala ukuthi lomsebenzi wasemaStores akazimisele ngomsebenzi wakhe kuphela kodwa nanakwezokugijima.

“siyazigqaja ngeqhaza elibanjwe uMnu Z Shushu kwi-Comrades Marathon yalonyaka esinethemba lokuthi ngelinye ilanga uyowuphumelela lomjaho abeke isiBhedlela sethu ezingeni lokwaziwa umhlaba wonke jikelele” kusho uNksz LN Mate, umphathi wesiBhedlela

nezidingo zomndeni kwesinye isandla kodwa konke lokho ukwenza kube lula ngoba nasemsebenzini usebenza ngokukhulu ukuzimisela.

Ukugqugquzela intsha ukuba igijime yiyonanto angathanda ukuyenza ngoba iyisusa ezintweni ezifana nezidakamizwa kanye notshwala ezingacina zilishabalasile ikusasasa layo.

Uyagcizelela belu uShushu ukuba uma kusavuma imilenze kanye nesikhathi nakanjani akasoze ayeke ukugijima, kwazi bani mhlawumbe uma engathola isikhathi esanele sokuzilolonga angawunqoba ngisho nokuwinqoba lomjaho.

uMnu. Z Shushu ugijime i-Comrades Marathon yesikhombisa kulonyaka. Okuphawulekayo emjahweni walonyaka yisikhathi asiqophile kanye nenombolo (132) aphume kuyo sekulanganiswe bonke abagijimi. Lokhu kukhombisa

“Ngangijwayele ukugijima amabanga amade esikoleni kuthe ngokuhamba kwesikhathi ngabona ukuba kumele ngiqhubeke nento engiyithandayo, ukugijima”

Kunzima ukugijima nsukuzonke ube ubheke

UMQHUELWANO WEZIBHEDLELA ZESIYINGI SASESISONKE



Iqembu lebhola lomnqakiswa kanye neleBhola lika nobhutshuzwayo ezilungiselela imidlalo yokuhlunga yesiyingi saseSisonke

Corner Elliot and Avenue
Private Bag X506
Kokstad
4700

Phone: 039 797 8100
Fax: 039 727 2564
E-mail: hlengiwe.shezi@kznhealth.gov.za



We are on the web

www.kznhealth.gov.za/egusherhospital.htm